ISAZISO 2597

UKUDAYISWA OKUHLONGOZWAYO KOMHLABA: 6 TURNWOOD CLOSE, WOODVIEW, PHOENIX

Lesi yisaziso ngaphansi kwesigaba 14 soMthetho iMunicipal Finance Management Act No. 56 of 2003 nomqulu wemithetho ebizwa nge-Supply Chain Regulations sokuthi kuyahloso kaMasipala ukudayisa, ngapho kunelungelo lobunikazi lwhona, ngesivumelwano sangasese, edayisela uMnu V.R Moodley kanye noNkk V. Moodley umhlaba ochazwe njengo-Proposed Portion of Erf 555 Woodview, Registration Division FU, eSifundazweni saKwaZulu-Natal, olinganiselwa ku-112m² oku-Turnwood Close, ngentengo engu-R18 000.

Amakhophi emibandela yokuthengiselana, u-Conditions of Sale No. 4748 angabonwa ehhovisi lika-Head: Real Estate, Room 1702, 17th Floor, 75 Dr. Langalibalele Dube (Winder) Street, eThekwini (inkomba: 58/1/3949: Errol Newport, Ucingo 031-311 4351), phakathi kuka-07:45 no-16:30, ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu, isikhathi esiyizinsuku eziyi-14 kusukela mhla ka 2009-08-28.

Imibono noma ukuphikisana nalokhu kudayiswa okuhlongozwayo kuyothathwa njengokwanelisa izidingo ezifanele zokuba kubhekwe uma:-

Amagama aphelele, izinombolo zikamazisi nekheli lendawo kanye nemininingwane yokuxhumana nombhali kubhaliwe encwadini equkethe izikhalazo noma imibono;

Umbhali echaza ngokuphelele ukuthi uthinteka kanjani ngalokhu okuhlongozwayo lapha;

Kunemininingwane ephelele yezizathu zemibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo; futhi

Kuthi kushaya ihora lika 17:00 mhla ka 2009-09-14 incwadi equkethe izikhalazo noma imibono ibe isifikile kulo osayinde lesi saziso. Uma kwenzeka umbhali wencwadi engazanelisi lezi zidingo ezikulolu hla luhla olungenhla, uMasipala waseThekwini uyoyishaya indiva imibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo lapha.

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall
Dr. Pixley KaSeme (West) Street
eThekwini

ISAZISO 2598

UKUVALWA OKUHLONGOZWAYO KWENGXENYE KA-KEYFORD CLOSE, SUNFORD, PHOENIX

Lesi yisaziso ngaphansi kwesigaba 211 sika-Odinensi 25 ka 1974, sokuthi uMasipala uhlose ukuvala unomphelo ingxenye yomgwaqo uKeyford Close, elinganiselwa ku-10m² ubukhulu, ekhonjiswe epulanini SH 9624, kusukela mhla ka 2009-09-29.

Isaziso salokhu kuvalwa okuhlongozwayo sichonyiwe kule ndawo. Ipulani ekhombisa le ndawo ezovalwa ingabonwa ehhovisi lika-Head: Real Estate, Room 1702, 17th Floor, 75 Dr. Langalibalele Dube (Winder) Street, eThekwini (uthintane no-E.G Newport kule nombolo yocingo: 031-311 4351), phakathi kuka-07:45 no-16:30, ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu, isikhathi esiyizinsuku eziyi-30 kusukela ngoLwesihlanu mhla ka 2009-08-28 kuya ngoMsombuluko mhla ka-2009-09-28. Imibono noma ukuphikisana nalokhu kuvalwa okuhlongozwayo kuyothathwa njengokwanelisa izidingo ezifanele zokuba kubhekwe uma:-

Amagama aphelele, izinombolo zikamazisi nekheli lendawo kanye nemininingwane yokuxhumana nombhali kubhaliwe encwadini equkethe izikhalazo noma imibono;

Umbhali echaza ngokuphelele ukuthi uthinteka kanjani ngalokhu okuhlongozwayo lapha;

Kunemininingwane ephelele yezizathu zemibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo; futhi

Kuthi kushaya ihora lika 17:00 mhla ka 2009-09-28 incwadi equkethe izikhalazo noma imibono ibe isifikile kulo osayinde lesi saziso.

Uma kwenzeka umbhali wencwadi engazanelisi lezi zidingo ezikulo luhla olungenhla, uMasipala waseThekwini uyoyishaya indiva imibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo lapha.

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall
Dr Pixley kaSeme (West) Street
eThekwini

ISAZISO

UKUTHENGWA KOMHLABA UKUZE KWAKHIWE IZINDLU: FREDVILLE ISIGABA 2

UMasipala waseThekwini ufisa ukuthenga lezi ziza ezigagulwe lapha ngenzansi ukuze akhe izindlu zingxenyeni ze-Farm Riet Vallei No. 851 ngakho-ke udinga ukuxhumana nabanikazi abakuloluhla lulapha ngenzansi, lezi ziza ezibhaliswe emagameni abo, ukuze kuxoxiswane ngokuthengiselana.

OWNER	IDENTITY NO	DESCRIPTION	TITLE DEED NO.
M V GWALA	371211	PORTION 15	T7936/1977
NGUNGUNYANE	081016	PORTION 16 (R/E)	T3779/1951
OSIAH NGUBANE	040901	PORTION 59 (R/E)	T13682/19
M S GWLA	110917	PORTION 57	T3290/1977
RAPHAEL GUMEDE	240000	PORTION 56	T7743/1957
NICHOLAUS GUMEDE		PORTION 55	T3260/1931
EREMIAH GUMEDE		PORTION 54	T3259/1931
CONRAD DHLAMINI	230615	PORTION 53	T7964/1952
E R I NDHLOVU	360331	PORTION 52	T2716/1947
T V NDABA	3804065427082	PORTION 51	T4425/1984
AD & NV MBANDA	310729 & 291027	PORTION 50	T23898/1990
THOMAS GWALA		PORTION 49	T3254/1931
UNITING PRESTBYTERIAN CHURCH IN SA - TRUSTEES		PORTION 175	T8168/1965
BE SHAWUKA	080702	PORTION 158	T14252/1965
UNKNOWN		PORTION 159	

Labanikazi bayanxuswa ukuba baxhumane noNkk Ronell Visser emahovisi oMnyango Wezezindlu kuMasipala weTheku, 90 Shepstone Road, New Germany, kule nombolo yocingo: 031 – 3116516.

ISAZISO

IZINDLU E-TRENANCE PARK, ISIGABA 2A

Abantu amagama abo akulolu hla olulapha ngenzansi bayacelwa ukuba bafike emahhovisi asePhoenix omnyango wezezindlu kaMasipala phakathi kwehora lesishiyagalombili (8:00) nelesine ntambama (16:00) kusukela mhla ka 31 Agasti kuze kube umhla ka-11 Septhemba 2009 bazohlelela ukuba sibanike uxhasomali abazokwakha ngalo izindlu kanye namatayitela obunikazi beziza ngaphansi kohlelo lwezindlu olubizwa nge-Trenance Park 2A Housing Project. Labo abangafikanga kwaze kwashaya ihora lesine ntambama mhla ka-11 Septhemba 2009 iziza zabo ziyonikwa abanye.

ITEM NO.	LOT NO.	SURNAME	FULL NAMES	ID NO.	APPROVED AMOUNT
1	10253	Prithilall	Kemraj	691019 5157 080	R 5,375.00
2	10309	Patel	Moosa Yacoob	681020 5257 087	R 10,211.50
3	10315	Ramsingh	Praveen	651207 5127 082	R 5,375.00
4	10371	Kaleel	Emmam Hoosen	650513 5089 086	R 5,375.00
5	10434	Vallabh	Harrish Kanthilal	700731 5163 087	R 5,375.00
6	10565	Narainsamy	Perumal	661004 5187 085	R 5,375.00
7	10566	Mrimuthu	Thilendhren	701208 5119 087	R 5,375.00

Okungaxhunywana naye: Ms Sihle Dube: 031 – 3112469; Ikheli: 17 Doveside Place, Canehaven Road, Phoenix, 4068.